## Wena usenqondweni kaNkulunkulu

Uma kungukuthi wena, ufana nezinkulungwane zabantu ezweni lakithi ezihlala emigwaqeni futhi usulahlekelwe yithemba nawukuzihlonipha, iBhayibheli likunika isiqiniseko sokuthi uNkulunkulu uyakuthanda futhi uyakunakekela.

## Isithembiso sikaNkulunkulu:

UJehova akayikwahlulela ngokubona
kwamehlo akhe,
anganqumi ngokuzwa kwezindlebe
zakhe.

Kepha uyakwahlulela abampofu
ngokulunga,
anqume ngokufaneleyo abathobileyo
bomhlaba.

U-Isaya 11:3b-4a

Ngiyakumbonga uJehova
ngomlomo wami,
ngimdumise esixukwini.

Ngokuba uyakuma ngakwesokunene
sompofu
ukumsindisa kulabo abalahla
umphefumulo wakhe.

AmaHubo 109:30-31

## UJesu ubuyisela ukuhlonipheka nesithunzi kulabo abahluphekayo

"Nibusisiwe nina bampofu,
ngokuba umbuso kaNkulunkulu
ungowenu.
Nibusisiwe nina balambileyo kalokhu,
ngokuba niyakusuthiswa.
Nibusisiwe nina bakhalayo kalokhu,
ngokuba niyakuhleka."

NgokukaLuka 6:20b-21

## UJesu waba njengomunye wabampofu

Ngokuba niyawazi umusa weNkosi yethu uJesu Kristu ukuthi, nakuba ecebile, waba mpofu ngenxa yenu, ukuze ngobumpofu bakhe nicebe nina.

2 kwabaseKorinte 8:9

## Uma uNkulunkulu engakithi singasho ngesibindi nangokuzethemba:

Onke amathambo ami azakuthi:
"Jehova, ngubani onjengawe,
wena okhulula ohluphekayo,
yebo, ohluphekayo nompofu
komphangayo, na?"

AmaHubo 35:10

"Abampofu nabaswelayo bafuna
amanzi, kepha awakho,
nolimi lwabo luphele ukoma;
mina Jehova ngiyakubaphendula,
mina Nkulunkulu ka-Israyeli
angiyikubashiya."

U-Isaya 41:17

## UJesu uyabakhumbula abampofu nabangenamakhaya emkhulekweni:

"Usiphe namuhla isinkwa sethu
semihla ngemihla."

NgokukaMathewu 6:11

***Wonke amavesi acashunwe eBhayibhelini lesiZulu lango 1959/1997.**

